

uTHANDO | Die LIEBE

- iNcwadi yokuqala uPhawuli ayilobela ibandla laseKhorinte (I Kor.) –
- *Paulus schreibt in seinem ersten Brief an die Gemeinde in Korinth (I Kor.)*
-

Noma ngingakhuluma izilwimi ngezilwimi

- ezabantu ngisho nezezingilosi –

kodwa uma ngingenalo uthando,

ngifana nethusi elikhencezayo;

ngizwakala njengokuyinsinjana

okuzikhenqezelelayo-nje.

Wenn ich wie ein Mensch rede

oder wie ein Engel

und bin ohne Liebe,

bin ich ein schepperndes Blech

und eine gellende Zimbel.

Noma nginga'nesiphiwo esingandile

sokuba ngumphrofethi;

ngishumayele

ngiqonde izimfihlakalo zonkana;

noma ngingaba nolwazi lonke,

ngibe nokholo olunamandla amakhulu –

olukwazi ngisho nokugudlula izintaba,

kepha uma ngingenalo uthando,

kusho ukuthi anginto yalutho.

Und wenn ich die Gabe habe,

die Zeichen der Zeit zu deuten,

und alles Verborgenes weiß

*und alle Erkenntnis habe
und alles Vertrauen,
so das ich Berge versetzen kann,
und bin ohne Liebe,
dann bin ich nichts.*

Noma ngingakwaba konke enginakho
ukuze kondliwe abampofu;
noma-ke ngizidel' amathambo
ngishiswe ngamalangabi omlilo,
kodwa uma ngingenalo uthando,
ngeke kungisize ngalutho konke lokho.

*Und wenn ich alles, was ich kann und habe,
für andere aufwende
und mein Leben aufs Spiel setze
unter der Gefahr, auf dem Scheiterhaufen zu enden,
und bin ohne Liebe, hat alles keinen Sinn.*

Uthando luhlala lubekezela.

Lunomus' uthando; alunamhawu.

*Die Liebe hat einen langen Atem
und sie ist zuverlässig, sie ist nicht eifersüchtig,*

Uthando aluzigabisi,

aluzikhukhumezi;

*sie spielt sich nicht auf,
um andere zu beherrschen.*

aluziphathi ngendlela engafanele;

alugodli, luziphandele kwesalo;

alucasuki, lufutheke ngolaka,

alubambi-magqubu uma loniwe,

Sie handelt nicht respektlos

anderen gegenüber und sie ist nicht egoistisch,

sie wird nicht jähzornig und nachtragend.

aluthokozi ngokungalungile,

kepha luyakujabulela okuyiqiniso.

Wo Unrecht geschieht, freut sie sich nicht,

vielmehr freut sie sich mit anderen an der Wahrheit.

Lubekezelela izinto zonke,

lukholwa yizinto zonke,

lwethemba izinto zonke,

lunyamezelela izinto zonke.

Sie ist fähig zu schweigen und zu vertrauen,

sie hofft mit Ausdauer und Widerstandskraft.

Uthando alupheli nanini nanini.

Kuyophela isiphiwo sokuphrofetha,

kunqamuke nesokukhuluma ngezilimi,

kukhawuke esolwazi, siphela.

Die Liebe gibt niemals auf.

Prophetische Gaben werden aufhören,

geistgewirktes Reden wird zu Ende gehen,

Erkenntnis wird ein Ende finden.

Ulwazi lwethu luyinto engaphelele,

nokuphrofetha kwethu akuphelele.

Uma-ke sekuvela okupheleleyo,

kuyokhawuka konke okungaphelele.

Wir erkennen nur Bruchstücke,

und unsere Fähigkeit, Zusammenhänge zu erkennen, ist begrenzt.

Wenn aber die Vollkommenheit kommt,

dann hört die Zerrissenheit auf.

Ngisemncane,

ngangikhulumisa okwengane,

umqondo wami

kwakuwumqondo wengane;

ngangicabangisa okwengane.

Kwathi-ke sengikhulile,

ngayeka ukwenzisa okwengane.

Als ich ein Kind war,

redete und dachte ich wie ein Kind

und war klug

wie ein Kind.

Als ich erwachsen wurde,

ließ ich zurück, was kindlich war.

Manje izinto sisazibona njengasesibukweni –

zibonakala kalufifi, ziyinkinga;

ngale-ke kodwa

siyozibona njengoba zinjalo.

Manje ulwazi lwami aluphelele;

kwelizayo ngiyokwazi konke kahle

njengalokhu nami iNkosi ingazi kahle.

Wir sehen vorläufig

nur ein rätselhaftes Spiegelbild,

dann aber

von Angesicht zu Angesicht.

*Heute erkenne ich bruchstückhaft,
dann aber
werde ich erkennen,
wie ich von Gott erkannt worden bin.*

Manje-ke kumiswé lokhu kokuthathu:
ukukholwa nethemba nothando;
okukhulu kukho konke luthando!

*Jetzt aber leben wir
mit Vertrauen, Hoffnung und Liebe,
diesen drei Geschenken.*

Und die größte Kraft von diesen dreien ist die Liebe

Quelle/uMtapo: BIBLIA HEBRAICA; NOVUM TESTAMENTUM GRAECE; BIBEL in gerechter Sprache;
iBhaybheli ngesiZulu (*eigene Übersetzung ins isiZulu | Sizihumushele thina esiZulwini*)
<http://www.biblia-zuluensis.de/>